**ININGIZIMU AFRIKA IQOKWE NJENGOSIHLALO OMUSHA WOMKHANDLU WOKUSINGATHWA KWENTELA E-AFRIKA (I-ATAF)**

**06 Zibandlela 2024, Kigali —** INingizimu Afrika, imelelwe uKhomishana u-Edward Kieswetter, yaqokwa ngelika elethu njengoSihlalo omusha woMkhandlu we-ATAF isikhathi esiyiminyaka emibili ngesikhathi soMhlangano Jikelele wesi-8 we-ATAF obuhleli eKigali, eRwanda mhla zizi-4 kuZibandlela 2024. Ngokweseka inhlososu ka-SARS egcizelela isidingo sobumqoka bokusebenzisana nokusebenza ngababambiqhaza ukuthuthukisa uhlelokusebenza lwentela - kuleli, esifundeni nasemazweni omhlaba.

Umkhandlu yiwo ohamba phambili e-Afrika onomsebenzi wokweseka amalungu ukuze akhe ukusingathwa kwentela okusebenzayo, ngalokho, kuthuthukiswe umnotho kuleli kanye, okusemqokakakhulu, nokuthuthukisa izinga lempilo labantu base-Afrika. Umkhandlu we-ATAF uhlinzeka ngobuholi obunamasu nesiqondiso emsebenzini we-ATAF osiza ukusingathwa kwentela nengeniso e-Afrika.

Umthelela we-ATAF ubonakala embikweni wakamuva kaNobhala Omkhulu obubhekiswe kuMhlangano Jikelele obike ukuthi i-ATAF iqeqeshe izisebenzi zentela eziyizi-3,242 zasemazweni angamashumi amane nesikhombisa esikhathini sowezi-2023-2024. Phezu kwalokho, i-ATAF ibe negalelo ekuqoqweni kwengeniso lentela elingu-702 USD million ebingeke iqoqwe ngohlelo lezwe lakhona lokulekelela.

INingizimu Afrika inobudlelwane besikhathi eside ne-ATAF, njengoba yasingatha Ihhovisi LikaNobhala lesikhashana selokhu yasungulwa kowezi-2009, futhi ilokhu iyizwe elisingathayo selokhu inhlangano yaba inhlangano yamazwe ezimele. Ngokuqokwa kweNingizimu Afrika, uKhomishana u-Kieswetter uzwakalise ukubonga kwakhe okungazenzisi ngokuthi amalungu athembe iNingizimu Afrika ukuba kube yiyo ehola inhlangano lokhu okuqinisekisa ukuzinikela kweNingizimu Afrika ekuqinisekiseni ukuthi inhlangano ihlala isebenzela ukuzuzisa amalungu ayo. “INingizimu Afrika iletha isipiliyoni esihle sohambo lwayo lokuguquka njengoba iqhubeka nohambo lokwakha u-SARS onobuhlakani, wesimanje onesithunzi esingangabazeki owethenjwayo futhi oyisibonelo esihle.”

Ukuqokwa kweNingizimu Afrika kufike ngesikhathi lapho izwe selithathe ihhovisi lobuNgameli be-G20 futhi lazinikela ekuqinisekiseni ukuthi Ukusetshenziswa Kwengcebo Yakuleli kuba phambili ohlelweni lwe-G20 nasemazweni omhlaba lapho ingcebo iyisakhi esisemqoka uma amazwe efuna ukufinyelela kuziNjongo Zentuthuko Esimeme i-Sustainable Development Goals. Kuyisikhathi futhi esisemqoka njengoba i-ATAF iqhubeka ihlanganisa ukweseka kwayo ukuhlangana kwe-Afrika namalungu eQembu le-Afrika ezingxoxweni zamaZwe Ahlangene (UN) ngentuthuko yomhlangano woHlelokusebenza lwe-UN ekubambisaneni ngentela emazweni omhlaba, okuhlose ukuqinisekisa ukuthi intela yamazwe onhlaba iyangena ibe igcina futhi iqinisa iziphakamiso zezobuchwepheshe ezenziwe ekuthuthukiseni nasekuqaliseni ukusebenzisa uHlelokusebenza Olubandakanye bonke abantu ku-*BEPS*.

Lokhu kuqokwa kuqinisa isimo seNingizimu Afrika ezindabeni zeNtela Emazweni Omhlaba naseMhlabeni wokuLawulwa kwempahla eMngceleni, futhi kulandela ubuholi bukaKhomishana u-Kieswetter be-WCO nokuba yiPhini likaSihlalo we-*OECD Forum for Tax Administration*.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za